

# Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| April 2017 Edition 1

## Phakisa !! Phakisa !



Smallholder farmers are expected to play a major role in the implementation of Operation Phakisa for Agriculture, Land Reform and Rural Development.

**Noluthando Motswai**

President Jacob Zuma launched Operation Phakisa on Agriculture, Land Reform and Rural Development in Pretoria recently.

The central theme for Operation Phakisa for Agriculture, Land Reform and Rural Development is "Transforming the Agricultural Sector towards an Inclusive Rural Economy."

President Jacob Zuma said

it captures critical elements of government's socio-economic blueprint, the National Development Plan, and the 2017-2019 roadmap for radical economic transformation.

The President said land

### FAST FACTS

- Phakisa is a seSotho word which means "hurry up".
- Operation Phakisa, the Big Fast Results Methodology was launched in 2011.
- It was adapted from a successful programme used in Malaysia.

reform is a central pillar of the radical economic transformation programme. "If we do not radically change the patterns of land ownership, control and management in South Africa we will be creating problems for ourselves in future. We need to take bold steps that will transform our economy, including land ownership, very fast."

It is partly because of the urgency of transforming South African society that the Agriculture and Land Reform Operation Phakisa was launched. ■



**KZN patients get easy access to medication**

Page 4



**Growing township businesses**

Page 8



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

E-mail: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Tel: (+27) 12 473 0179

**Free Copy**

## Rural economies' obstacles, solutions examined

**Noluthando Motswai**

Head of the launch of the Operation Phakisa on Agriculture, Land Reform and Rural Development in February 161 people worked

in labs to understand the obstacles and solutions to greater inclusivity for rural economies, and growth in the agricultural sector. President Zuma explained this at the launch.

The President said the

deliberations of the lab participants were organised according to seven work streams: land reform; producer support; livestock; grains; horticulture; labour, and rural development.

Insights flow from work

streams

"The land reform work stream, for instance, has identified the establishment of District Land Reform Delivery Centres; fast tracking

● **Cont. page 2**

### Centenary celebration of Oliver Tambo

*"Comrades, you might think that it is very difficult to wage a liberation struggle.*

*Wait until you are in power. I might be dead by then. At that stage, you will realise that it is actually more difficult to keep the power than to wage a liberation war. People will be expecting a lot of services from you. You will have to satisfy the various demands of the masses of our people. In the process, be prepared to learn from other people's revolutions. Learn from the enemy also. The enemy is not necessarily doing everything wrongly. You may take his right tactics and use them to your advantage. At the same time, avoid repeating the enemy's mistakes."*

– Oliver Reginald Tambo (Angola, 1977)



Image: <http://www.youthvillage.co.za>

# Ukuthuthukisa amabhizinisi asemalokishini

**NGOSIZO LUKAHULUMENI** uNkululeko Mbhele uthuthukisa ibhizinisi lakhe eliyisitodlwana esincane libe yisuphamakethe ekwazi ukuncintisana namanye amabhizinisi amakhulu.

Albert Pule

**U**kuqhuba ibhizinisi kuyinto esegazini kuNkululeko Mbhele. Umkhulu wakhe waqala ibhizinisi lomndeni emva kokuthutha besuka e-Ekurhuleni (Empumalanga Randi) beya eSoweto.

Ngokushesha isitodlwana sakhe saqhutshwa ubaba wakhe kwalandela nomfowabo. Kuthe uma sekuyithuba likaNkululeko wasiphendula ekubeni yisitodlwana saphenduka isuphamakethe yasendaweni eqhuba kahle kakhulu.

Masisha wabona ukuthi ukuba nesuphamakethe kunezinsesele zakhona. Ibhizinisi lasuka ekubeni yisitodlwana esincane sasendaweni saba yisitolo esikhulu. Phakathi kwezinye zezinsesele kwaba



■ UNkululeko Mbhele ezinoxela nabalingani bakhe Emabheleni Supermarket.

wukubhekana nokuncintisana nezinye izitolo.

UMbhele wezwa mayelana nomzamo owawenziwa ngabe-Gauteng Enterprise Propeller (i-GEP), uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho eGauteng kanye nabakwa-Pick n Pay (u-PnP) wokulekelela amabhizinisi aselokishini ukuba achume.

Ubambiswano lolu lubandakanya ukuba izitodlwana ezincane zaselokishini zithenge isitokwe kwa-PnP bese zisithengisa zisebenzisa le ndlela isetshenziswa ngu-PnP, ingqalasizinda, izintshicilelo zokukhangisa ibhizinisi kanye nendlela yokukala amanani yakwa-PnP.

UMbhele uthi ukusebe-

nzisana nesitolo esaziwa kakhulu njengo-Pick n Pay kulenzele lukhulu ibhizinisi lomndeni wakhe.

“Abantu bayazithanda izinkampani ezinkulu njengo-PnP. Bakala inani bese abantu bekhanga yilokho,” kusho yena

Selokhu bazihlanganisa nabakwa-PnP, ibhizinisi selikhulile futhi selenza inzuzo ephindwe kabili kunaleyo elalinyenza.

“Sekwande ngisho nenani labasebenzi bethu. Sasinabasebenzi abayisithupha kuphela kodwa manje sebeyi-14 abasebenza amashifuti ahlukene.”

Isikhulu Esiphezulu (i-CEO) se-GEP u-Leah Manenzhe uthi angathanda ukubona abanikazi bezitodlwana ezincane zasemalokishini bewathatha la mathuba ahlinzekwa uhulumeni babha-

lise amabhizinisi wabongene embonini ehlekile yezokuhweba.

“Umbono we-GEP yilowo wokuqinisekisa ukuthi amabhizinisi amancane akhuthazwe ukuba asuke ekubeni amabhizinisi angabhalisiwe ngokomthetho abe ngamabhizinisi amancane azinzile futhi anegalelo elibalulekile kwezomnotho.

“I-GEP isebenza nawo wonke amabhizinisi, kusukela kwasaqalayo kanye nanga-bhalisiwe ngokomthetho kuya kumabhizinisi asafufusa (ama-SMME), imifelandawonye nosomabhizinisi abalangazelele ukuthuthukisa amabhizinisi abo.

**Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa, thintane ne-GEP kule nombolo: 011 085 2001**

## Amaciko omsebenzi wezandla anesitolo eMpumalanga Kapa

**ASETHOLE UKWESEKWA** amaciko omsebenzi wezandla eMpumalanga Kapa.

Siya Miti

**I**sitolo esibizwa nge-Eastern Cape Craft Collection Store esisanda kuvulwa sithakaselelwe kakhulu ngamaciko omsebenzi wezandla esifundazweni njengoba bekholelwa ukuthi sizokhulisa amazinga okuthengwa komsebenzi wawo kwenze bakwazi nokufinyelela umkhakha wezokuvakasha.

I-Craft Collection Store, eyethulwe yiPhini likaNgqongqoshe Wezokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane u-Elizabeth Thabethe, ikhangisa ngemikhiziqizo eyenziwe kulo lonke elaseMpumalanga Kapa.

UMnyango Wezokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane wenze utshalomali lwezigididi zamarandi eziyi-1.23 kulesi sitolo, njengamanje esithenga umsebenzi wobuciko bezandla babantu abangaphezu kwabangama-80. Lesi samba kusengenzeka sikhule, kusho Inhlangotho Yezentuthuko eMpumalanga Kapa (i-ECDC), okuyiyona edlala indima

yomgcinimpahla.

Le mali ivela emnyangweni izobhekelela izinsiza ezisethenziswayo kanye nokuqokwa komuntu ozophatha onyakeni wokuqala. Inkampani ezokwengamela, enesipiliyoni kwezokudayisa, seyiqokiwe ukuze isiqhube.

Imisebenzi yobuciko bezandla ibandakanya impahla eyenziwe ngeseramiki kanye nezimpahla zasekhaya, njengamicamelo, imihlobiso yasetafuleni kanye nemvunulo yesintu kanjalo nokokuhloba kwemfashini, okufana nezikhwama, nemigexo. Okhaphethi, izinto zokudlala zezingane, umsebenzi owenziwe ngesikhumba, izingubo zokugqoka zesintu nezesimanje kanjalo nomsebenzi wobuciko wokhuni nowocingo kuzodayiswa.

“Yize noma amabhizinisi amancane ekwazi ukusiza ekukhuleni komnotho lokhu kuye kungenzeki kanyekanye. Lokhu kungumsebenzi wecebo lokwesekwa kwamabhizinisi amancane elehlukile, eligxile emkhakheni othile kanye nenjongo yalo engoku-



■ Eminyane yemisebenzi yobuciko bezandla yase-Eastern Cape Craft Collection Store.

chuma ukuze kubhekwane nezithiyo ezivimba ukuba amabhizinisi asemancane aphumelele,” kusho Iphini likaNgqongqoshe uThabethe.

Uqinisekise ukuthi phezu kwamabhizinisi angama-80 akhethiwe, abanikazi bawo abangama-80% ngabesifazane, abangama-95% ngabantu abamnyama bese abangama-30% abo yintsha ngokuphelele. Angama-65%

awasezindaweni zasemaphandleni nasezigodini bese angama-30% abesemadolobhakazini.


Umama wezingane ezimbili, u-Joyce Kelele, oselokhu wayezenzela umsebenzi wobuhlalu kanye nemishuqulo enobuhlalu kusukela ngowezi-2000, uthi isitolo somsebenzi wobuciko bezandla sizokwenza afinyelele kangcono kubathengi.

“Umsebenzi wobuhlalu nokuthunga yindlela engiziphilise ngayo eminyakeni eyi-16 edlule. Sengivela ku-Decorex kanye naku-Rand Easter Show, ngenxa nje ye-ECDC kanye noMasipala wase-Buffero City.

“Le mibukiso isisiza sidayise kakhulu ngoba sibuya sinama-oda ngaleyo ndlela ngilindele ukuba nenzuzo engiyenzayo ikhule.”

## Abampofu bathola ukufinyelela usizo lwezomthetho lwamahhala

**IZAKHAMUZI ZASELIMPOPO** zithola ukufinyelela ubulungiswa ngokushesha, nakalula.



### Noluthando Motswai

**I**nkantolo Ephakeme esanda kuvulwa ePolokwane manje seyinegatsha elisha elibhekelele izindaba zezabasebenzi ngenxa yemizamo Yehhovisi Lejaji Eliyinhloko.

Inkantolo Yezabasebenzi kanye Nenkantolo Yokudluliselwa kwamacala Ezabasebenzi yamenyezalwa nguMongameli futhi isebenza njengenkantolo ekhethekile ukuba ibhekane nezingxabano zezabasebenzi.

Okhulumela Uphiko Lwezobulungiswa eNingizimu Afrika uNathi Mncube uthe akukho zindleko ezikhokhwayo

uma ufuna ukufinyelela le nkantolo ngaphandle uma izinhlangothi zombili ziziqokela abameleli abababiza imali ethile ngomsebenzi wabo.

Uthe izicelo zangaphambilini kudingeke zihanjiswa lapho ikhona iNkantolo e-Braamfontein, eGoli.

“Ukwethulwa kwegatsha lasePolokwane kuyingxenywe yemizamo eqhubekayo yokuqinisekisa ukufinyeleleka kobulungiswa kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika,” kusho yena uMncube.

Wengeze ngokuthi igatsha lasenkantolo yeza-basebenzi ngeke lisebenze ngokwehlukile kunegatsha elikhulu

elise-Braamfontein kanye namagatsha aseKapa, eBhayi naseDurban.

“Inkantolo Yabasebenzi inegunya lokuphatha kuzo zonke izifundazwe eziyisishiyagalolunye njengoba imisebenzi yayo ingenziwa noma kuyiphi indawo. Noma kunini uma kunesidingo sokuya kwezinye izifundazwe, amalungiselelo ayenziwa nezinkantolo ezithintekayo ukuze ziklelele.”

Amahhovisi amancane ale nkantolo asungulwa KwaZulu-Natal, eNtshonalanga Kapa naseMpumalanga Kapa. Ihhovisi Lejaji Eliyinhloko lenyuse isibalo sabasebenzi kulezi zifundazwe uku-

ze kuqinisekise ukuthi kunezindlela ezanele zokulekelela Uphiko Lwezobulungiswa.

Inkantolo Yezabasebenzi inegunya lokulawula kula macala adluliselwe iKhomishana Yokubuyisana Ukuxazulula Nokwahlulela (i-CCMA), Imikhandlu yokubonisana nabammangali nayo ikwazi ukufinyelela ngqo inkantolo kubandakanya amacala adluliswe evela emacaleni aseNkantolo Yezabasebenzi.

Amajaji ayishumi aqokelwe kuleli gatsha. Amajaji angamabambela aqokwa okwesikhashana ukuba abhekane namacala ngesikhathi sekhefu. **V**



OFFICE OF THE CHIEF JUSTICE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

### Obani Izinhlolo Zezinkantolo?

Igama elithi “Izinhlolo Zezinkantolo” libhekisa kubaholi bonke bephiko lezobulungiswa ezweni. Ikakhulukazi, Izinhlolo Zezinkantolo zakhiwe Lijaji Eliyinhloko njengeNhlolo Ephezulu Yenkantolo YoMthethosisekelo, uMongameli Wenkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala, Iphini LikaMongameli Wenkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala njengenhloko Yenkantolo Yokhetho, Amajaji Angomongameli bamagatsha ehluken eNkantolo Ephakeme nakwezinye izinkantolo ezinamagunya afanayo njengeNkantolo Yezabasebenzi neNkantolo Yezicelo Zomhlaba.

### Ubani Ijaji Eliyinhloko eNingizimu Afrika?

UMhlonishwa Mogoeng Mogoeng.



### Ubani Iphini Lejaji Eliyinhloko eNingizimu Afrika?

UMhlonishwa Bess Nkabinde Yibambela Lephini Lejaji Eliyinhloko.

### Ubani oqoka Ijaji Eliyinhloko kanye Nephini lalo?

Ngokusho kwesiGaba 174 (3) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika uMongameli, njengenhloko kahulumeni, emva kokubonisana neKhomishini Yemisebenzi Yezobulungiswa, kanye nabaholi bezinhlangano ezimelelekile KusiGungu Sikazwelonke, uqoka Ijaji Eliyinhloko Nephini lalo futhi, emva kokubonisana neKhomishini Yemisebenzi Yezobulungiswa, aqoke uMongameli kanye nePhini likaMongameli Wenkantolo Ephakeme Yokudluliselwa Kwamacala.

### Yini umehluko phakathi kwamajaji nezimantshi?

Ijaji yisikhulu esiphethe eNkantolo Ephakeme kanti imantshi yengamela izindaba zeNkantolo Yendawo noma Yesifunda.

### Ubani oqoka izimantshi?

Ungqongqoshe Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa KoMthethosisekelo, ngokwelulekwa Yikhomishini Yezimantshi, uqoka izimantshi.